# Imizamo kaSARS Yokuthobela Ithela Izithelo futhi Igcizelela Imiphumela Emihle Yemali Eqoqwayo Phezu Kwezimo Ezinzima Zomnotho

**Tshwane, 2 kuMbasa 2024 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lunentokozo ukumemezela umphumela wesikhashana wemali eqoqiwe kunyakamali wezi-2023/24.

USARS wasungulwa kowe-1997 kanti ngeke siwuhlukanise nokuxhumana kwawo nentandoyeningi yezwe, manje esineminyaka engama-30. Umyalelo kaSARS ngokomthetho, ovame ukubizwa Ngokusebenza Ngokobizo, usemqoka ekufinyeleleni kusethembiso saseNingizimu Afrika sentando yeningi. Manje sifinyelele eMbonweni wowezi-2020-2025 woSARS onobuhlakani, wesimanje onokwethenjwa futhi onconywa yibo bonke abantu. Kusukela ekusekelweni kwawo, uSARS usuqoqe u-R21.6 trillion oyimali eqoqwe ngentela uma isicozuliwe. Ukuqoqwa kwentela kunyukile kusuka ku-R114 billion kowe-1996, ngesilinganisonani esihlanganisiwe esikhula ngonyaka sika-9.9% kanye nentela uma iqhathaniswa ne-GDP engu-22.2%. Ukubeka lokhu esithombeni, imali eqoqwe ezinsukwini ezine zokusebenza ezedlule kulonyakamali ibe ngu-R114 billion (isamba esaqoqwa unyaka wonke kowe-1996).

Ekupheleni kukaNdasa 2024, uSARS ubusuqoqe inani eliphelele eliyingqophamlando lika-R2.155 trillion, ukwenyuka konyaka nonyaka kuka-4.2% uma kuqhathaniswa ne-GDP encane ka-4.9%. USARS ubuyisele u-R414 billion kubakhokhintela, okuyimali enkulu kakhulu ezimalini ezibuyiswayo, uma kuqhathaniswa no-R381 billion onyakeni owedlule, okuveza ukukhula okungu-8.6%. Lokhu kwenza inani eliqoqiwe uma selicozuliwe libe ngu-R1.741 trillion, okuyinani elingaphezulu cishe ngo-R10 billion uma liqhathaniswa nesilinganiso esibukeziwe nelingaphezulu ngo-R54 billion kunelangonyaka owedlule elalingu-R 1.687 trillion.

Izimali ezibuyiswayo zeNtela Yentengo zizodwa zingu-R343 billion, okuveza ukukhula kuka-7.5% kusukela ngonyaka owedlule. Izimali ezibuyayo kulo nyaka ziveza isilinganiso sika-6% we-GDP. USARS unentokozo ngokwazi ukuyisa imali engu-R120 billion nengu-R37 billion ezimalini ezibuyayo kuma-SMMEs nakubantu,

ngokulandelana. USARS uyakuqonda ukwehla komthwalo okuza nezimali ezibuyayo lapho uhwebo nabantu bengaphansi kwengcindezi yemali.

“Yize sithokozile ngokuthi u-R414 billion obuyele ezandleni zabakhokhintela uwulungele umnotho, ngisakhathazekile ngokukhwabaniswa nokungasetshenziswa ngendlela kwezimali ezibuyayo”, kusho uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter. Esikhathini esibukezwayo, uSARS uvimbele ukuphuma kuka-R101 billion wezimali ezibuyayo ezingavumelekile.

- Uma kuqhathaniswa nonyakamali wezi-2022/23, imali eqoqiwe yentela inyuke ngo-R54.2 billion (3.2%), okwenziwe yiNtela Yemalingeniso Lomuntu (R49.5 billion [8.2%]) ilandelwa ukunxeshezelwa kwezisebenzi okube ngaphezulu kwesilinganiso, kanjalo nokunyuka kweNtelantengo yakuleli (R39.3 billion [8.1%]).
- Intela Yemalingeniso Yomuntu ecozuliwe, ebe ngu-37.3% wesamba esiqoqiwe, ikhule ngo-R49.5 billion (8.2%) kowezi-2023/24, njengoba ukutholakala kwemisebenzi kunyukile unyaka nonyaka kanti nesilinganisonani sezivumelwano zamaholo sithuthukile kusukela kusilinganiso sonyaka esingu-6.0% kowezi-2022 saya ku-6.3% kowezi-2023. Ukuqoqwa kwe-PAYE kuzikhuthazi nasezinkokhelweni zamabhonasi, okuvele kakhulu emkhakheni wezezimali, nakho kuyikhuphulile imali eqoqwe kuNtela Yemalingeniso Lomuntu.
- Intela Yemalingeniso Lenkampani elicozuliwe (i-CIT) linciphe ngo-R31 billion (-8.9%) kowezi-2023/24, kanti imboni yokumbiwa yona yehle ngo-R42 billion, inciphe ngo-49.0% uma kuqhathaniswa nonyaka owedlule. Igalelo le-CIT kumabhizinisi amakhulu linciphe ngo-17.5%, kanti igalelo lamabhizinisi amancane lona linyuke ngo-8.8%. Imali eqoqwe ku-CIT yona ibe ngu-18.0% wesamba semali eqoqiwe.
- Ukukhula kweNtela Yentengo (i-VAT) ecozuliwe okungu-R25.4 billion (6.0%) kubangelwe kakhulu yi-VAT yakuleli (enyuke ngo-R39 billion [8.1%]), i-VAT yokungenisa impahla ezweni (enyuke ngo-R10.0 billion [3.9%]), kanye nokunyuka kokuphuma kwezimali ezibuyayo ze-VAT (R23.9 billion [7.5%]).

USARS uzimisele ngokwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela abakhetha ukuhluleka ukuhlangabezana nezibophezelo zabo ngokomthetho. Uhlelo lukaSARS lokuthobela lube negalelo elingu-R293.7 billion ekupheleni kukaNdasa (okwesikhashana). Lokhu ukunyuka kuka-R61.9 billion (26.7%) kusuka kokwangonyaka owedlule ebingu-R231.8 billion.

Uhlelo Lokuthobela lusebenzisa imininingo, ubuhlakanimbumbulu, kanye nezibalo zokufunda ngomshini ukulwisana nobugebengu nokukhetha ukungathobeli. Lezi zinhlelo ziphinde ziqinisekise ukuthi azikho izimali ezibuyayo ezisemthethweni ezichithwayo, zibe zivimbela nokukhokhwa kwezimali ezibuyayo ezingavumelekile nezikhwabaniswayo. Izibonelo zempumelelo yohlelo lokuthobela yilezi:

- Kuqoqwe izikweletu ezibe ngu-R91.3 billion emacaleni angu-2.6 million, kubandakanya no-R420 million kumafomu asilele angama-895 000.
- Uhlelo Lokudalula Ngokuzithandela lube negalelo elingu-R3.5 billion, okwenziwe yizicelo eziyi-1 435 eziphothuliwe.
- Lapho abakhokhintela besikhashana benezintelo abazikhokhele amanani angaphansi kwafanele (Indima 19[3]), uSARS uqoqe u-R19.3 billion emacaleni abantu, ama-SMME, kanye namabhizinisi amakhulu angu-28 000.
- Ucwaningomabhuku olukhethekile kanye nophenyo bavimbele ukuphuma kwemali okungemthetho kuka-R5.7 billion, lapho ucwaningomabhuku olwenziwe emnyangweni wamabhizinisi amakhulu nabantu ube negalelo elingu-R23 billion emacaleni angama-341.
- Ukuphenywa kwamacala obugebengu obuhleliwe kube negalelo elingu-R20.1 billion, uphenyo olwenziwe lwesikhashana oluyi-147 olubandakanya imiyalelo yokonga, kanye nokubhukuqwa kohlelo olulodwa obeluxhumanisa ukugeleza kwemai okungemthetho kukagwayi negolide.
- Kuphothulwe ukuhlolwa kokuthobela nezinyathelo ehhovisi elilawula impahla emngceleni okungu-230 000 uma kuqhathaniswa nokuphenya okungu-235 000 okwenziwe ngoyaka owedlule. USARS wenze imali engu-R8.4 billion ekuhlolweni okumayelana neHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni, okuholele ekukhishweni kwezincwadi zokugcina. Siqoqe izikweletu ebezisilele zenani lika-R2 billion. Sinqande izicelo zokukhokhelwa ezingavumelekile mayelana nohlelo lwesikhuthazi sokuthelisa se-VAT esifinyelela ku-R92 million. USARS

DRAFT

uphinde waphothula ukubanjwa nokuboshwa kwempahla ehhovisi elilawula impahla emngceleni okungu-6 550 okufinyelela ku-R6.6 billion.

- Umsebenzi owenziwe ngokucophelela wokusingatha ubandakanya ukuvimbela ukuvuza kwemali ngenxa yokukhwabanisa, izimali ezibuyayo ezingavumelekile, kanye nokulinganiswa kwesikweletu. Lo msebenzi uwodwa ube negalelo elingu-R101 billion wasombulula amacala ayi-1.8 million. USARS ulokhu ukhathazekile ngobungozi obuphezulu bezimali ezibuyayo, okuwudaba esilulungisayo.

USARS ungenisa kunhlososu lawo lamacala elihambisana nenhlososu yethu yokuhlinzeka ingcaciso nesiqinisekiso kubakhokhintela, ukuqinisekisa ukuthi imithetho yentela neyokulawulwa kwempahla emngceleni icaciswa ngendlela eyiyo. Kunyaka obukezwayo, uSARS:

- Ukhiphe izinqumo eziyi-110, lapho uphume phambili emacaleni angama-94, okwenze impumelelo yamacala ibe ngu-84%.

- USARS wenze uphenyo emacaleni ayi-871 obugebengu amayelana neNtela Yemalingeniso, i-VAT, kanye ne-PAYE. USARS udlulisele izinqumo zalawa macala angama-294 kuMkhandlu Wokushushisa kaZwelonke. Kuphothulwe amacala angamashumi ayisishiyagalombili nanhlanu ngokuthola imiphumela yokulahla ngecala nezigwebo zokuphonsa ezikhindini kweminyaka engama-49, nokulahla ngecala okungu-95%.

DRAFT

Eminyakeni engaphezulu kwemihlanu eyedlule, ukubanjwa kombuso ngobhongwane kwashiya uSARS ungaphansi kwengcindezi futhi usengcupheni kakhulu. Sithathe uhambo lokubona isikhungo ngamanye amehlo. USARS uyaphumelela kunhlososu yawo lokwakha uhlelo lwentela nokuLawulwa Kwempahla Emngceleni encike ekuthobeleni ngokuzithandela. Sijija amandla nekhono lethu lokuhlonza nokunqanda ukungathobeli ngokuthanda.

Ukwakha kabusha uSARS kubandakanya ukukhulisa isibalo sabantu abakhokha intela; ukukhuthaza nokuthuthukisa umkhuba wokuthobela ngokuzithandela nokubamba iqhaza esikhwameni semali; kanye nokuxhumanisa ukuxhumana kalula nabantu, nokweminininingo kanye nobuchwepheshe ukufeza umyalelo wethu. Sisebenzisana nabo bonke ababambiqhaza kuhlelokusebenza lwentela ukwakha

ukwethebeka nokuthemba uSARS. Ngenxa yalemizamo, siyayibona imiphumela emihle:

- Isibalo sabantu ababhalisele intela sikhule ngezinkampani ezingama-411 000, kuzo eziyi-1 500 zibe negalelo elingu-R214 million emalini eqoqiwe ingakancozulwa kunyaka obukezwayo.
- Abaqashi abasha abangama-39 900 bazibhalisele ngokuthandela i-PAYE, kubo abayi-19 000 babe negalelo elingu-R2.7 billion kuntela eyengeziwe, efinyelela ku-R3.4 billion kunyaka wokubuyekezwa.
- Abathengisi abasha abangama-57 700 be-VAT nabo bavelile kwababhalisele intela, kubo abayi-14 200 babe negalelo elingu-R4.4 billion emalini eqoqiwe engancozuliwe kunyaka wokubuyekezwa.
- Isibalo sabantu ababhalisele intela sikhule ngabantu abayi-1.1 million.

UKhomishana wakwaSARS, uMnu Edward Kieswetter, uthe:

> Ukuqoqwa kuka-R21.6 trillion kuveza ukukhula okuhlanganisiwe kuka-9.9% ngonyaka selokhu uSARS wasungulwa ngonyaka we-1997. Lokhu sekube negalelo ngezimali kuntandoyeningi yaseNingizimu Afrika kwaphinde kwathinta izigidi zezimpilo zabantu abangabe bayantula ngaphandle kokwesekwa nosizo abaluthola kuhulumeni. Thina, esinenhlanhla yokusebenza kwaSARS, siyaziqhenya ngale mpumelelo ngoba le mizamo inegalelo ekwakhiweni nasekusimamiseni intando yethu yeningi.

Wengeze ngokuthi impumelelo yemali eqoqwayo kuleminyaka engama-30 eyedlule ngabe azange ibe khona ukube bekungekona ukusebenzisana kahle nobudlelwane obuzuzisayo esibakhile ngokusebenzisana nababambiqhaza abathobelayo kuhlelokusebenza lwentela nasekuLawulweni Kwempahla Emngceleni. Loku kusebenzisana kuhlomulisa kakhulu abakhokhintela, abahwebi, uhulumeni, kanye nezakhamizi.

UKhomishana uKieswetter uqhubeke wathi, “Ekugcineni, siphakamisa kakhulu umsebenzi owenziwa yizisebenzi zethu ezinolwazi lwesayensi yemininingo, ezobuchwepheshe, kanye nobuhlakanimbumbulu, ngenhloso yokwenza ukufeza izibophezelo zentela kube yinqubo engenazihibe”.

UMnu Kieswetter uphethe ngokuthi, “Ngithanda ukudlulisa ukubonga kwami okungazenzisi kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi abakhokhintela

nabahwebi abathobelayo kanjalo nezisebenzi zakwaSARS ngokuba negalelo kulo mphumela omuhle kangaka wemali eqoqiwe".

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne- SarsMedia@sars.gov.za

DRAFT